IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Izimanga zikaJesu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2015 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJesu wenza izimanga eziningi. Izimanga kwakuyizimpawu zokukhombisa ukuthi uJesu nguNkulunkulu ngempela. Isimanga sokuqala senzeka edilini lomshado. Kwafika inkinga. Iwayini lalishoda.

UMariya, umaka Jesu, watshela uJesu ngalenkinga, bese watshela abasizi ukuba benze konke okushiwo uJesu.



“Gcwalisani lemigqomo ngamanzi,” kusho uJesu. “Amanzi?” besho bebuza. Yebo, uJesu wayesho amanzi.

uJesu watshela isisebenzi ukuba sithathe kumgqomo omkhulu siwuhambise komphathi wedili ukuba anambhithe. Amanzi ayesejike aba iwayini! Iwayini elimnandi! Iwayini elimnandi okudlula wonke!

Abasizi babemangele.
UJesu wayeshintshe
amanzi wawenza iwayini.
UNkulunkulu kuphela
owayengenza isimanga
esinje.

UJesu wenza ezinye izimangaliso. Ngobusuku bunye, uJesu nabalandeli bakhe baya kwikhaya likaPetru. Umamezala waPetru wayegula kakhulu ephethwe umkhuhlane.

UJesu wathinta isandla sowesifazane.
Ngalowomzuzu wabangcono futhi wavuka
wabhekelela uJesu kanye nabasizi bakhe.

Kwaba sengathi idolobha lonke lalimi emnyangango ngalobo busuku.
Kwafika abagulayo – impumputhe, izithulu, izimungulu, abakhubazekile.
Ngisho nabantu abanamadimoni ahlala kubona babengunge uJesu
Wayengasiza inqwaba engaka na?

UJesu, indodana kaNkulunkulu, wayengabasiza.
UJesu wabasiza. Bonke abafika kuyena balapheka.
Abantu ababezihudula ngemikhoba bakwazi
ukuhamba nokugijima ngisho nokugxuma.

Bafika nabanye, abesebabi ngenxa yochoko.

Baphelela bahlanzeka ngenkathi uJesu ebalapha.

Amadoda namakhosikazi ayehlushwa amadimoni ama phambi kwaNkulunkulu. UJesu wayala amadimoni ukuba abashiye.

Ngenkathi amadimoni ebashiya, abantu ababegcwele ukwesaba kanye nabantu ababengajabulile bajika baba abantu abakhululekile futhi abaneme.

Emva kwesixuku, amadoda amane ayezama ukusiza umngani wabo kodwa abakwazanga ukusondela kuyena, Kaze bazokwenze njani?

Baqukatha indoda egulayo
phezu kwendlu, abangani abane
ababekholwa bavula uphahla
lwendlu bamehlisa.
Manje indoda
yayiseduze
kwaJesu.

uJesu wabona ukuthi labangani abane babekholwa. Wathi kwindoda egulayo. "Izono zakho zithethelelwe. Thatha umbhede wakho uhambe." Indoda yasukuma ngamandla. UJesu wayeseyilaphile.

Emva kwalokho,
uJesu wayesesikebheni
nabalandeli bakhe. Kwafika
isivunguvungu. UJesu
wayelele. Abalandeli
bamuvusa besaba.
"Nkosi, sisize,"
besho bekhala.
"Siyabhubha!"

“Thula,” uJesu eyala amagagasi. Ngokushesha, ulwandle lwathula. “Indoda enjani le?” Kusho abalandeli bakhe ngokwehleba. Ngisho umoya kanye nolwandle liyalalela. Bakholwa ukuthi uJesu waye indodana kaNkulunkulu ngoba izimangaliso Zakhe zazikhombisa inkazimulo Yakhe.





Abalandeli bakhe babengazi, kodwa babezobona uJesu enza izimangaliso ezingaphezulu kwalezi ngenkathi esebenzela uNkulunkulu
kanye nabantu.





Izimanga zikaJesu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mathewu 8-9, Marku 1-2, Marku 4,
Luka 4, Luka 8, Johane 2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16